**AMAZWI ENHLOKO YOMNYANGO WEZOKUTHUTHA KWAZULU-NATAL UMNUZ SBUSISO GUMBI EMHLANGANWENI WESOUTH AFRICAN DRIVING SCHOOL OPERATORS ASSOCIATION ETHEKWINI NGOLWESIHLANU MHLAKA 21 JUNE 2013.**

Mphathi wohlelo;
UMongameli we-SADSOA;
Amalungu esigungu esikhulu;
Ubuholi besifundazwe bukasoseshini;
Abanikazi bezikole zokushayela bonke abakhona;
Izimenywa zonke ngokwehlukana kwazo;
Bafowethu nodadewethu;
Nginibingelela nonke.

Ngifisa ukuqala ngokuxolisa egameni likaNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnuz Willies Mchunu ongakwazanga ukuba yingxenye yalo mcimbi ngenxa yokuxinwa ngeminye imisebenzi yesizwe.

We take this opportunity to express our sincere appreciation for allowing us to join you here today and to share some of our views with you on issues pertaining driving school industry, especially regarding good relations, good governance, your importance in curbing and decreasing fatalities on the roads, mushrooming of fly-by-night and corruption in this industry.

The province of KwaZulu-Natal is faced with an unacceptable number of road fatalities, thus the department embarked on a number of campaigns in order to address and curb road carnages.

Amongst factors identified as the contribution to the high rate of road carnages have been the driver’s behaviour or driver’s incompetency and negative attitudes, hence driving schools have been identified as major role players that will assist in the production of drivers with a positive attitude.

Sifisa ukubonga njengoHulumeni ukuthi kusukela ezinqumweni zengqungquthela yezokuphepha emgwaqeni ngoMarch ka-2011nangemuva komhlangano esaba nawo nemboni yokufundisa ukushayela ngoNovember wawo futhi u-2011, kuningi osekwenziwe ukwakha ubudlelwane phakathi komNyango wezokuThutha KwaZulu-Natal nale mboni.

Okokuqala nje siyazi ukuthi sekwasungulwa ithimba elihlanganisa abamele umNyango nabamele imboni ngenhloso yokwakha isivumelwano okuzosetshenzelwa phezu kwaso ukuze kube nokulawuleka ekusebenzeni kwezikole zokushayela ngenkathi kusalindwe ukuphasiswa komthetho kuzwelonke.

It is common course that the regulation of driving schools rests with the National sphere of Government in terms of the relevant National legislation. The driving school industry has never been regulated hence the Provincial Government and the Industry deemed it appropriate to implement interim measures in regulating the Industry pending the promulgation of the National legislation that will regulate the Industry.

Ukubambisana nobudlelwane phakathi komNyango nemboni sibubonile nangenkathi sihambela ama-Driving Licence Testing Centre lapho besihlangana nabanikazi bezikole sibanike ithuba lokubeka okubakhathazayo nokudinga ukubhekwa ukuze umsebenzi uqhubeke ngempumelelo.

Izinto eziningi abaziveza yizona ezizosisiza ukuze siqhamuke nenqubo-mgomo ephusile yokusebenza kuleli bhizinisi.

Njengoba sengike ngabalula phambilini, ukungabikhona komthetho ophasisiwe olawula ukusebenza kwezikole zokushayela yikona okwenze sabona isidingo sokwakha isivumelwano esithi i-Memorandum of Understanding (MoU).

But in the interest of good governance, it is always important that given the weakness of not having the legislation, we formulate policies that will not infringe other people's rights in any manner.

Yingakho-ke sifisa ukugcizelela namhlanje ukuthi iqhaza lenu libaluleke kakhulu emkhankasweni wethu wokulwa nokufa kwabantu emigwaqeni yethu. Imboni yezikole zokushayela iyona okumele ihambe phambili ekunqandeni ukukhishwa kwamalayisensi ngopotsho.

It is you who must rally behind our campaign of producing quality drivers – drivers who will obey the rule on the road.

Yinina okumele nihlabe umkhosi uma kukhona lapho kungahambi ngokomthetho. Sesiyazi phela nokuthi kukhona asebebona ukuthi sengathi kuyashisa manje lapha KwaZulu-Natal bese beshushumbisa abantu babayise kwezinye izifundazwe, ikakhulukazi eGauteng, ukuze bathole amalayisensi.

Kokunye kodwa kuba khona lapha okuba nothisha abakhohlakele abahlangana namaphoyisa omgwaqo ekukhipheni amalayisensi ngomgunyathi.

Le misebenzi yenkohlakalo ayigcini nje ngokuba wubugebengu, kodwa ibukela phansi imigomo eyisisekelo yezokuphepha emgwaqeni, ikakhulukazi lona wokuba nabashayeli abaqeqeshiwe emigwaqeni yethu. Ukuhluleka ukwenza njalo kwandisa izinhlekelele emgwaqeni, kufe abantu abangenacala, kwande izinkubela, abafelokazi nezintandane.

Okunye okusinika ithemba ngale MoU esikhuluma ngayo ngukuthi izogwema ukwanda kwezikole ezingoqhibukhowe, ama-*fly by night*, kanye nenkohlakalo kuyona le mboni. Phela siyazi ukuthi uma izikole sezisebenza ngaphansi komgomo wesivumelwano owodwa, kuzoba lula ukubona abathatha amashansi ebhizinisini.

Lokhu kuzokwenzeka ngokuthi i-MoU ibeke imibandela yokubhaliswa kwezimoto ukuba zihlangabezane nezidingo zezimoto zokufundela ukushayela, bese kuba ukubhaliswa kothisha ukuze kungasuki noma ngubani athi ufundisa ukushayela ebe engakulungele lokho.

Ours therefore is that by eradicating mushrooming fly-by-night and corruption in the Industry, we will be allowing space for good governance, good relations and thereby contributing to curbing and decrease of fatalities on the road.

We are also pleased that part of our intervention has been a draft document of a training manual for professional learner driver trainer. The objective of this manual is to implement an interim provincial standardised training mechanism for driving schools instructors, further to ensure that the “cream of the crop” top quality drivers are produced by the province through professional training.

Ezinye zezinselelo ezibhekene nomkhakha wezikole zokushayela zihlanganisa ukungabi nendawo eqondene nokuqeqesha ngemoto, okuyi-practical training.

Uthola othisha sebesebenzisa noma iyiphi nje indawo evulekile, basebenzise imiphini yemishanelo, izinhlanga zomoba nokunye nje abakutholayo ukuze benze izindawo zokufundisa abantu i-Parallel Parking, ukuhlehla ne-three point turn.

Okunye futhi, ngenxa yezinga eliphezulu lokuncintisana kulomkhakha, othisha bagcina sebesebenza amahora amaningi nokwenza bangabe besaba nesineke kubafundi.

Lokhu kuholela ekutheni sibe nabashayeli abangaqeqeshekile kahle ukuthi babhekane nezimo zomgwaqo.

Ngakho-ke kukuthina ukuba sizibuze ukuthi ngabe sifundisa ngokweqiniso na noma sijahe imali yini? Ngabe siyingxenye yokuphuma kwamalayisensi okushayela ngomgunyathi sibambisene nabasebenzi bakaHulumeni abathile na?

Njengabafundisi bokushayela, sibuza ukuthi uthini unembeza wakho uma udayisela umuntu ilayisensi wazi kahle ukuthi akaqeqeshekile ukuthi usengahamba emgwaqeni osetshenziswa yiwo wonke umuntu.

Ngaphandle kophuzo oludakayo nesivinini esiphezulu, abashayeli babulawa ukwehluleka ukugcina izimpawu zomgwaqo. Ukudlula enye imoto lapho kungavumelekile ukwenza njalo kubabulala kakhulu abantu emgaqweni ngoba zishayana mahlanze izimoto mihla namalanga.

Umqeqeshi owuthandayo umsebenzi wakhe akumele akuthole ukuphumula kunembeza wakhe uma abantu befa ngale ndlela. Sibona ukuthi akehlukile kumbulali naye umqeqeshi wabashayeli okhiqiza abashayeli ababulala balimaze abanye emgaqweni.

Finally, ladies and gentlemen, I once again take this opportunity to thank all of you here and hope that all your deliberations will have nothing but positive impact on our lives as citizens of this country and the province of KwaZulu-Natal in particular.

**Ngiyabonga.**